<u>**Thandaza AmaHubo - WP Psalms**</u>

**AmaHubo 68:1 Kumholi wokuhlabelela. ElikaDavide. Ihubo. Igama. Makavuke uNkulunkulu, zihlakazeke izitha zakhe; abamzondayo babaleka phambi kwakhe.**

**AmaHubo 5:9,10 Ngokuba alikho iqiniso emlonyeni wabo; izibilini zabo zingukonakala: umphimbo wabo uyithuna elivulekileyo; bayathopha ngolimi lwabo. 10 Balahle ngecala, Nkulunkulu. Mabawe ngenxa yamacebo abo, ubawise ngobuningi beziphambeko zabo, ngokuba bahlubukile kuwe.**

**AmaHubo 11:6 Unisa izihibe phezu kwababi; umlilo nesibabule nomoya oshisayo kuyisabelo sendebe yabo.**

**AmaHubo 18:14 Wathuma imicibisholo yakhe, wabangquzula, nemibani eminingi, wabadidizelisa.**

**AmaHubo 18:17 Wangophula esitheni sami esinamandla nakubo abangizondayo, ngokuba base bengahlulile.**

**AmaHubo 18:39 Wangibhincisa amandla okulwa; ababengivukele wabathobisa phansi kwami.**

**AmaHubo 18:45 Abafo babuna, baphuma ezinqabeni zabo bethuthumele.**

**AmaHubo 27:11 Ngifundise indlela yakho, Jehova, ungihole endleleni ekhanyayo ngenxa yezitha zami.**

**AmaHubo 35:1-8 ElikaDavide. Phikisana, Jehova, nabaphikisana nami, ulwe nabo abalwa nami. 2 Thatha ihawu nesihlangu, uvuke, ungisize. 3 Hosha umkhonto, uvimbe indlela kwabangizingelayo; yisho kuwo umphefumulo wami, uthi: “Mina ngiyinsindiso yakho.” 4 Mabajabhe, bahlazeke abafuna umphefumulo wami; mababuyiselwe emuva, bajabhiswe abangisongelayo. 5 Mababe njengamakhoba emoyeni, ingelosi kaJehova ibadudule. 6 Indlela yabo mayibe mnyama, ibebushelezi, ingelosi kaJehova ibaxoshe. 7 Ngokuba bangenzele ngasesitha igebe lenetha labo, kungekho sici, bembele umphefumulo wami umgodi, kungekho cala. 8 Ukubhujiswa makumehlele engazelele; inetha lakhe alibeke ngasesitha malimbambe yena; makawele kulo kube ngukubhujiswa kwakhe.**

**AmaHubo 52:5 Ngakho-ke uNkulunkulu uyakukubhidliza kuze kube phakade; uyakukubamba, akukhiphe etendeni lakho, akusiphule ezweni labaphilayo. Sela**

**AmaHubo 60:12 NgoNkulunkulu siyakwenza izenzo zamandla; yena uyakunyathela phansi izitha zethu.**

**AmaHubo 66:3 Yishoni kuNkulunkulu, nithi: "Yeka ukwesabeka kwemisebenzi yakho. Ngenxa yobukhulu bamandla akho izitha zakho ziyakuzithoba phansi kwakho.**

**AmaHubo 68:35 Nkulunkulu, uyesabeka ezindaweni zakho ezingcwele; uNkulunkulu ka-Israyeli nguyena owenzela abantu amandla nokuqina; makadunyiswe uNkulunkulu.**

**AmaHubo 70:1 Kumholi wokuhlabelela. ElikaDavide. Elokukhumbuza. Nkulunkulu, phuthuma ungikhulule. Jehova, phuthuma ungisize.**

**AmaHubo 71:13 Abamelene nomphefumulo wami mabajabhe, baphele; abangifunela umonakalo mabembathe amahloni nenhlamba.**

**AmaHubo 76:12 Uyanquma umoya wezikhulu, wesabeka kuwo amakhosi omhlaba.**

**AmaHubo 118:10 Bonke abezizwe bayangizungeza; egameni likaJehova ngiyakubachitha.**

**AmaHubo 118:12 Bayangibunganyela njengezinyosi, bacimeka njengomlilo wameva; egameni likaJehova ngiyakubachitha.**

**AmaHubo 149:8,9 babophe amakhosi abo ngamaketanga nabadumileyo babo ngezibopho zensimbi, 9 bafeze phezu kwabo isahlulelo esilotshiweyo; kuludumo kubo bonke abangcwele bakhe. Haleluya!**

**Pastor T. John Franklin**
**Church of Salvation, Healing, and Deliverance**
**COS-HAD.org**